



# INGEDE

October 2006, Vol. 9, No.2



## IZINKINGA EZIBHEKENE NOSONKONTILEKA

**K**usemqoka ukuthi osonkontileka baliqondisise kahle ibhizinisi labo ukuze bakwazi ukuthi basimame noma benze inzuzo, ngokunjalo nomlimi azuze naye. Njengesibonelo uma usonkontileka ezokwenza umsebenzi wokudonsa, kumele azi ukuthi uzodonsa amathani omoba amangaki ukuze akwazi ukuhlela izinto zakhe zokusebenza ngendlela efanele. Okunye okusemqoka okumele kwaziwe ngusonkontileka ngukuthi amandla akhe amvumela ukuthi akwazi ukwenza umsebenzi ongakanani, lokhu kuzomsiza ukwazi ukuthi kumele aqashe abasebenzi abangaki abazoshaya umoba kanye nogandaganda azobadlinga ukuze akwazi ukwenza umsebenzi ngendlela egculisayo. Okuvamise ukwenzeka wukuthi uye uthole usonkontileka owenza amathani ayi-15 ngosuku usebenzisa ogandaganda ababili kanye nezisebenzi eziyishumi esikhundleni sezisebenzi ezine, isisebenzi ngasinye kumele sense amathani amane ngosuku. Kumele kukhumbuleke ukuthi inkokhelo yokudonsa (rates) lena esiyenzelwa ngochwepheshe bezezimali (Economists) bakwa SA Cane Growers incike emsebenzini lowo okumele wenziwe ngokuvumelana nemigomo yemboni kaShukela, isibonelo, ukuhlela uphinde wenze isitaki emobeni oshisiwe umuntu oyedwa kumele enze amathani amane ngosuku, uma ngabe umsebenzi engawenzi lamathani ngosuku usonkontileka uyalimala kakhulu ekugcineni.

Ukuqeqeshwa kosonkontileka ngokusebenza noma ngomsebenzi okumele wenziwe umsebenzi ngosuku kusemqoka ngoba yilapho kumele bazi khona osonkontileka ukuthi umsebenzi kumele enze umsebenzi ongakanani ngosuku. Okunye okusemqoka nakho okufanele kwenziwe ngendlela efanele noma ngokwesitokwe yilokhu okulandelayo; ukutshala, ukuhlela, ukufaka umuthi wokhula kanye nokufaka umanyolo. Uma usonkontileka engakwazi ukunika abasebenzi bakhe isitokwe ngendlela efanele, lokho kungamenza asimame futhi ahlale isikhathi eside esebhizinisini.

Isikhathi esiningi kuwumsebenzi onzima kabi kosonkontileka ukubheka abasebenzi babo ukuthi basebenza ngendlela efanele yini ngoba isikhathi esiningi osonkontileka abanalo ulwazi olwanele ukuthi umsebenzi uma enza umsebenzi othile kumele enze umsebenzi ongakanani ngosuku.

Osonkontileka abahlalayo noma abadonsa umoba kumele baqikelele ngasosonke isikhathi ukuthi umth-

walo abawudonsayo ugwele, isibonelo, uma umdonsi esebenzisa inqola ethwala amathani ayisithupha, leyonqola mayihambe nomthwalo ongamathani ayisithupha ngasosonke isikhathi ukuze ukwazi ukubhekana nezindleko zokwenza lowomsebenzi. Isikhathi esiningi kuba wusizo kusionkontileka ukudonsa amathani amaningi angaphezulu kunalawo ayisilinganiso senqola. Ibanga elihanjwa wugandaganda kumele ngasosonke isikhathi umdonsi aqikelele ukuthi lifishane ukuze akwazi ukudonsa amathani amaningi ngesikhashana, lokhu kusiza umdonsi ekunciphiseni izindleko zika dizili kanye nezindleko zokukhanda kanti futhi ugandaganda ungakwazi ukubuye wenze

eminye imisebenzi uma usuqede isitokwe sokudonsa amathani osuku.

Enye indlela engenza umsebenzi wabadonsi uhambe ngendlela efanele wukuthi umsebenzi wabiwe ngokwamakomiti amaphayindi (zone committees) ngoba wona asuke azi ukuthi kudingeka umoba ongakanani emshinini nanokuthi usuke ungakanani umoba odingeka e-phayindini. Loku kungasiza futhi ekugwemeni ukusala komoba omdala emasimini.

**Ngu- Mbongi Nxumalo no Thulani Masondo**

Ukuvulwa kwezisele nge-ngulube.





# UMPHUMELA WOKUVAKASHA KWAMAKHOSI KWA SASRI



*Inkosi Mathonsi yase Mandeni*

**U**kulandela uhlelo lokuvakasha lwaMakhosi kwa SASRI ngo-2005, Inkosi uMathonsi yase Mandeni yaba nothando lokutshala umoba ngokuhlanganyela nesizwe sayo. Inkosi ibe isikhethisa ikomidi elizobhekana nokusungulwa kwe-Project yomoba. Ukudlula lapho, iNkosi yona qobo lwayo yabe isinikela ngendawo enkulu yokwenza leProject.

U Mnu.Thulani Masondo ongumeluleki wezomoba wakwa-SASRI weluleka amalungu ngokwemigudu okumele ilandelwe ukuze loluhlelo luphumelele, okuthinta ukwaziswa ko-Mnyango wezolimo kanye no-mlimi omkhulu (wasePulazini) oseduzane, ukwenziwa kohlelo lomsebenzi (business plan), ukwenziwa kohlelo lwendawo (land use plan) ngabakwa-Engineering, ukwakhiwa kwe-Koporasi (co-operative) ukuze bakwazi ukuthola usizo lwezimali kuhulumeni, izindawo lapho lapho kungatholakala khona izimali njengalezi; umnyango wakwa-Economic Affairs, Public Works, Ithala, ABSA kanye nezinye eziningi. Wabe esebalula nokubaluleka kokuqeqeshwa kwamalungu ekoporasi, umeluleki wezolimo angabazisa abalimi ngezikhungo zaloluqeqesho.

**Ngabe ukutshala umoba kungaba yibhizinisi eliyilungele yini indawo yaseMandeni?**

Ngokusho kuka Martin Eweg, ongumphathi wabeluleki bakwa SASRI abasebenza nabalimi abalima ngokuncane, indawo yaseMandeni, ngokwesimo sezulu iwulungele umoba kodwa kumele kuqikelelwe ukuthi izindawo okutshalwa kuzo yizindawo eziwulungele umoba ngoba ezinye zezindawo zaseMandeni zinomhlabathi ongemuhe (ongajulanga-loluhlobo lomhlabathi luyashesha ukuzwela uma kunesomiso) kodwa uma kukhethwe izindawo ezinhle umsebenzi uyoba muhle kakhulu.

UMnu.Eweg wabuye waphawula ngobumqoka bokutshala uhlobo lomoba oluvumelana nesimo sendawo ukugwema izifo nezinambuzana. Ngokwakhe, waphakamisa lezinhlalo ezingatshalwa kulendawo; N27, N35 kanye no N39 kodwa zitshalwe emhlabathini olungele zona ukuze zenze kahle.

UMnu.Eweg wabe eseluleka ethi “abalimi abasha njengoba sebezosebenza ngohlelo lomfela ndawonye, kudingeka bazihlele kahle ngendlela efanele ezokwazi ukuthi kube lula ukuletha uqeqesho kubo” (umeluleki wendawo unalo ulwazi lokuthi lokhu kungenziwa kanjani). Esegcina wathi “uma abalimi behlangene besebenza ndawonye, kusemqoka ukuqashwa kwe Menenja noma umuntu oyedwa okumele kuxhunywane naye ukuze kube lula ukusebenza nabalimi”.

**Ngumantombi Tofile**

# AKUSIWONA USHUKELA KUPHELA

**Z**iningi izinto ezitholakala esitshalweni somoba ngaphandle kuka shukela. Ezinyangeni ezimbilwa ezedlule, bekunezinkulamo eziningi ezimayelana nokubheka ukuthi kukhiqizwe uphethilomu wezimoto ngomoba obizwa nge-Ethanol, njengoba I-Ningizimu Afrika ikhokha izimali eziningi ngokulanda u oyela oluhlaza (crude oil) phesheya. Ukukhiqizwa kwe-Ethanol ukuze isetshenziswe ezimotweni kuyinto eyaziwayo futhi kuyenziwa ngenkulu impumelelo phesheya e-Brazil. Izimoto ezingaphezu kwe-zine eshumini eBrazil, zisebenzisa loluhlobo luka phethilomu kanti futhi ngaphezu kwaloku, izimoto ezimbili-nengxenywe eshumini zisebenzisa uphethilomu oxube I-Ethanol nophethilomu ka-oyeli ojwayelekile.

Inkampani i-NCP Alcohols ese-Sea Cow Lake Ethekekwini ikhiqiza ama litha ayi-180 000 e-Ethanol ngosuku, okuthi ingxenywe yawo engangamaphesenti angama-67 ithunyelwe phesheya kanti I-Illovo yona ikhiqiza amalitha angama-50 ezigidi ngonyaka bese ithumela phesheya amalitha angamaphesenti angama-70 kulowo ewukhiqizile. Yonke le Ethanol itholakala kutiligi.

Ngokuka Don McLeod ongumqondisi ophethe kwa-Illovo, ukukhiqizwa kwe-Ethanol ngokugcwele noma ngokusabalele kungadinga ukuthi I-Ethanol ikhiqizwe ngojusi kamoba.

Uma kungawukuthi wonke ushukela wase-Ningizimu Afrika othunyelwa phesheya ungasetshenziselwa ukukhiqiza i-Ethanol, loku kungahlizekela isidingo sikaphethilomu sezwe lethu esiliganiselwa kokune ekhulwini kuphela (4%).

Kucacile ukuthi kunamaphuzu amathathu okumele abhekiswe ngaphambi kokuba kutshalwe izimali ekukhiqizweni kwe-Ethanol.

1. Intengo ka-oyeli oluhlaza olandwa phesheya kungamele ihlale iphezulu kangangama-80 amaphawundi (+R10) ngomphongolo.
2. Amandla e-Randi kungamele abe phansi kangangokuthi ama-Randi ayishumi alingane nedola elilodwa.
3. uhulumeni kungamele enze kube nesaphulelo entengweni kaphethilomu waloluhlobo (Ethanol).

Elinye iphuzu okuhlale kukhulunywa ngalo ukusetshenziswa kwemfucuzwa yomoba ukukhiqiza ugesi ngaphakathi emishinini egaya ushukela. Loku kungenzeka, buka nje ngoba kuyenziwa emazweni amaningi akhiqiza umoba emhlabeni jikelele. Intengo ka-gesi wakwa-ESKOM lapha eNingizimu Afrika ingephansi kakhulu kunakwezinye izindawo emhlabeni, ngaphandle uma kungakhona uhlelo lokudayisa amandla kagesi evile akhiqizwa abemishini kashukela ezweni jikelele, loku angeke kwaphumelele.

Lemfucuzwa yomoba inayo inkokhelo uma uzoyishiya ensimini njenge-tashi/upayi olwakha imvundela elekelela ukuvikela ukuguguleka komhlabathi, ithuthukise izinga lomhlabathi futhi iqinisekise ukugcineka kwawo isikhathi eside.

Ungqongqoshe wezokumbiwa phansi namandla uLindiwe Hendricks uthe kwabemithombo yezindaba ngo-Nhlolanja, uma iNingizimu Afrika ithenga ngaphandle u-oyela oluhlaza olinganiselwa kokuyisithupha eshumini ngokwesidingo sezwe, imizamo yokukhulisa ukukhiqizwa kwe-Ethanol ne-BioDiesel kungalizuzisa kakhulu lelizwe ngakwezomnotho ikakhulukazi ekunciphiseni ukungaqasheki kwabantu futhi kuvule amathuba amabhizinisi kwindlu ensundu.

Kwi-Nkongolo/nkomfa ka-Sosesheni wochwepheshe bezomoba wase-Ningizimu Afrika ebibanjelwe eThekwini ngo-Ntulikazi kulonyaka, kwaba nenkulumo eyethulwa ngu SN Walford ekhomba ukuthi miningi imikhiqizo eyenziwa ngezinsalela zomoba emshinini kashukela. Loku kubandakanya iphepha, amabhodi, ukudla kwe-mfuyo, amapulasitiki kanye nesibumbatha (wax).

**Ngumartin Eweg**





# UKUBULALA UKHULA NGENDLELA EFANELE KWANDISA INZUZO

Ngu-William Gillespie

- Ukuhlakula ngezandla – hlakula ukhula olukhulu lolu obona ukuthi an-geke lukwazi ukufa ngaphambi kokuthi ufake umuthi wokhula.
- Insimu ehlahlwe kahle yase iphinda yafakwa nomanyolo ofanele wokukhuthaza ikhaba iba nomoba omuhle onikeza umlimi inzuzo uma esedayisa.
- Yazizizinhlobo zokhula ovamise ukuba nazo ensimini yakho ukuze wazi ukuthi yiziphi izinhlobo zezibulala-khula okumele uzisebenzise.
- Amasimu angenalo ukhula aba mahle ngoba imvula etholakala entwasahlobo isetshenziswa yisitshalo kuphela, lokhu kwenza isivuno sibengcono.
- Okunye okuhle ngokuhlakula ukhula wukuthi umoba usheshe uhlanganise, ngaleyondlela kugwemeka ukumila kokhula.
- Ubuhle bokufaka izibulalakhula wukuthi zingcono kunokuhlakula ngezandla.
- Upayi/itashi lomoba luyasiza ekuvimbeni ukhula lungamili kanye nokonga umswakamo emhlabathini.
- Bulala utshani kuqala, bese ulandelisa ngotshani obuthanda amanzi (water grass) bese ugcina ngokhula olunamaqabunga.
- Amasimu okumele asetshenzwe kuqala, ngamasimu lana asuke esanda kuhlahlwa, lana anokhula oluncane noma anokhula lapha nalaphaya, yiwona okumele anakwe kuqala.
- Amasimu okumele asetshenzwe ekugcineni yilawo anomoba osuhlanganisile.
- Ungazihlakuli izindawo ezisemihosheni bese ulahla lobotshani emobeni.



Ukuhlasele kokhula okuxakile emobeni

## Ukulahleka kwesivuno ngokungahlakuli kahle

Ukubambezeleka ngokuhlakula	Isilinganiso Sokulahleka kwesivuno	Isilinganiso sokulahleka kwesivuno uma insimu yakho ikhipha amathani angama-50 ngehektare	Isilinganiso sokulahleka kwesivuno uma insimu yakho ikhipha amathani angama-70 ngehektare	Isilinganiso sokulahleka kwesivuno uma insimu yakho ikhipha amathani ayi-100 ngehektare
Ukuhlakula ngokushesha (akubambezelekanga ukuhlakula)	Akukho sivuno esilahlekayo	Akukho sivuno esilahlekayo	Akukho sivuno esilahlekayo	Akukho sivuno esilahlekayo
Ngamasonto amane	Engxenyeni yekhulu kulahleka amaphesenti (%) awu 5	Kulahleka amathani angu 2.5	Kulahleka amathani angu 3.5	Kulahleka amathani angu 5
Ngamasonto awu 8	Engxenyeni yekhulu kulahleka amaphesenti (%) angu 20	Kulahleka amathani ayi-10	Kulahleka amathani ayi-14	Kulahleka amathani angam-20
Akuzange kuhlakulwe nhlobo	Engxenyeni yekhulu kulahleka amaphesenti(%) Angu 50 kuya ku 80	Kulahleka amathani angu 25 kuya ku 40	Kulahleka amathani angu 35 kuya ku 56	Kulahleka amathani angu 50 kuya ku 80

## Isilinganiso semali elahlekayo ngokungahlakuli

Imali elahlekayo. Kushukela ongu 12.18%(sucrose) emalini engu R 1 700 ngethani likashukela (RV)

Isivuno	Insimu enesivuno esingamathani angama-50	Insimu enesivuno esingamathani angama-70	Insimu enesivuno esingamathani ayi-100
Akuzange kubambezeleke ukuhlakula ukhula	Akukho mali elahlekile	Akukho mali elahlekile	Akukho mali elahlekile
Ukubambezeleka ngamasonto angu 4	Imali elahlekayo R 517.65	Imali elahlekayo R 724.71	Imali elahlekayo R 1 053.30
Ukubambezeleka ngamasonto angu 8	Imali elahlekayo R 2 070.60	Imali elahlekayo R 2 898.84	Imali elahlekayo R 4 141.20
Akuzange kuhlakulwe	Imali elahlekayo ingafinyelela ku R 8 282.40	Imali elahlekayo ingafinyelela ku R 11 595.36	Imali elahlekayo ingafinyelela ku R 16 564.80



# UBUCHWEPHESHE BOKUSEBENZISA UMAKHALEKHUKHWINI UKUDLULISA

## UMYALEZO KUBALIMI ABANISELAYO

Ukunisela umoba kuyabiza, kufaka ugesi, amanzi kanye nokunakekela izinto zokunisela ukuze zihlale zisesimweni esihle sokusebenza. Ukuze umlimi asimame ngaphansi kwenkasa kudingeka akhiqize umoba omningi ngeheka kunalona okhiqizwa ngaphandle kwenkasa. Isizathu salokhu wukuthi umlimi kumele akwazi ukubhekana nezindleko zokunisela.

Ukuze umlimi onge imali namanzi, kudingeka kuniselwe kuphela uma isitshalo sidinga amanzi, kufakwe amanzi lawo adingakalayo kuphela.

### Inkinga

Ngebhadi, abalimi abaningi abalima-ngokuncane ngaphansi kwenkasa abanalo ulwazi lokubala ukuthi isitshalo sidinga amanzi angakanani futhi nini. Lokungabi kwabo nolwazi ukuthi kwenziwa kanjani, akusilo iphutha labo.

Abanye abalimi banenkolelo yokuthi uma nje amanzi ekhona kumele banisele, ukuthi isitshalo siyawadinga noma cha, bona abanendaba.

### Umpfumela

Ngenxa yokunisela isinomakanjani, isikhathi esiningi amanzi okunisela ayamoseka aphinde futhi angangeni emhlabathini ngendlela efanele. Okuyaye kwenzeka ukuthi uthola lapho umoba usemncane khona, osuke usadinga amanzi amancane, umlimi ufaka amaningi, kanti la umoba usuke usumkhulu khona udinga amanzi amaningi, umlimi ufaka amancane.

Ukwengeza nje, ngesikhathi umoba usemncane ukunisela ngokweqile kungacina kudale amachibi emasimini, kanti umoba ukuze ukhule kahle awuwadingi amanzi amileyo ensimini ngoba phela nawo udinga ukuphefumula, kanti futhi amanzi amileyo agugula wonke umsoco wesitshalo ngenkathi egobhoza ehamba noma uma eshona phansi emhlabathini kanti futhi ukunisela ngokweqile imvamisa kuye kudalele abalimi abangezansi nomlimi oxhaphaza amanzi izinkinga zokuthi lamasimu angezansi abe namaxhaphozi bese lababalimi bengakwazi ukuhlakula, ukuvuna (ogandaganda abakwazi ukungena ensimini) kanye nesivuno siyahlaleka ngenxa yokudla okuhambe namanzi kanti nomhlabathi ugcina usufile.

### Isixazululo

Ukuxazulula inkinga yokungazi ukuthi yinini lapho umlimi kumele aqale khona ukunisela nokuvala amanzi, kunendlela elula esebenzisa ubuchwepheshe be-computer. Lendlela yasungulwa yiSikhungo soCwano lwezoMoba esiseMandaskomu esibizwa ngo-SASRI. Lendlela iqalwe nabalimi abalima ngokuncane baso-Phongolo kanti isebenza kahle.

### Isebenza kanjani lendlela?

Njalo ngosuku, imininingwane yesimo sezulu iyoqwa ngento esiyibiza ngokuthi yi Automatic Weather Station (AWS) esoPhongolo. Leminingwane eqoqwe yi Weather Station ithunyelwa kwi Computer kwa SASRI eMount Edgecombe. Kwa SASRI kunohlelo lwe Computer olushintsha lemininingwane yezulu etholakale kwi Weather Station luyenze imibiko noma imiyalezo kamakhalekhukhwini (SMS) ebe isithunyelwa kumlimi ngamunye ngolimi lwesiZulu imazisa ngokuthi yinini lapho umlimi kudingeka achele khona nanokuthi umlimi akawavale nini amanzi.

Okunye okwenziwa yiluhlelo lwe SMS umlimi waziswa ngesivuno insimu yakhe enaso ngalesosikhathi nanokuthi kulindeleke ukuthi umlimi athole isivuno esingakanani ensimini yakhe uma esehlaha.

Uma umoba womlimi usuzohlalwa, umlimi uyaziswa ukuthi akamise ukunisela. Lendlela isisize abalimi abaningi ngoba bebengazi ukuthi kumele bawavale nini amanzi uma sebezohlalwa.

Okunye okuhle osekwenziwe ngu-SASRI ngaloluhelelo lukamakhalekhukhwini wukuthi umlimi useyakwazi ukuphendula nge SMS azise u SASRI uma injini noma kukhona okungalungile emapayipini bese uSASRI abuye abuyekeze iSMS ayithumele kumlimi lowo, noma, umlimi abikele umeluleki wakhe woMnyango weZolimo noma owakwa SASRI.

**Lena ngenye yezindlela abakwa-SASRI abalekelela ngayo abalimi bomoba.**

**Ngu-John Neen**

## AMASU ASEMQOKA

1. Bulala noma khuculula izinhlaseli ebusika eduzane nomuzi kanye nasemasimini akho ngokuthi uzimbe zizezincane. Zama ukuthi wazi izinhlaseli ezisemqoka ezingadingeki.
2. Qala uhlele izidingo zakho zembewu yomoba zangonyaka ozayo.
3. Qikelela ukuthi indawo ozoyitshala ayinawo amavolontiya.
4. Insimu ene-eldana ungayihlahli ngonyaka olandelayo, qikelela ukuthi onke amasimu ozimisele ngokuwahlahla ngonyaka ozayo ayahlolwa yithimba le Zifo neZinambuzane lendawo.
5. Thenga izibulalakhula kanye nomanyolo ngaphambi kokuthi kuthwase ihlobo.
6. Qinisekisa ukuthi isifutho sakho sokufutha sihloliwe, salungiswa uma kudingeka sase siyikalwa ukuthi sikhapha amanzi angakanani. Umeluleki wakho weZolimo angakusiza ukukuhlola isifutho sakho.
7. Qikelela ukuthi umhlabathi wakho uyawuhlola (Umeluleki wakho weZolimo uzokusiza).
8. Bulala ukhula emasimini akho ngokushesha (uma kutholakala izimvula zokuqala).
9. Sebenzisa amanzi ahlanzekile uma usebenzisa imithi yokubulala ukhula.
10. Yonke imisele yokutshala umoba kumele ilandele indlela amakhontolo enziwe ngayo.
11. Ezindaweni eziqethukile nezinomhlabathi oguguleka kalula kumele sisebenzise uhlelo lokulima ngokungaphazamisi umhlabathi (minimum tillage).
12. Imbewu oyisebenzisayo ekutshaleni makube yimbewu evunyelwe yithimba elihlola Izinambuzane neZifo zomoba. Mayingabi nazifo.
13. Bulala ukhula ngokushesha, ukubulala ukhula seluze lwaba lukhulu imvamisa akunayo imiphumela emihle.
14. Uma umoba oqhakazile ucishe ube yinxenye kahhafu wensimu yakho, hlahla umoba wakho ungakapheli u September.
15. Xoxisana noMeluleki wakho mayelana nokwenziwa kohlelo lomsebenzi wangonyaka ozayo (2007).
16. Sebenzisa inozela (flat fan) efanele uma ubulala ukhula, itholakala ezindaweni ezidayisa izinto zezolimo. Ukusebenzisa inozela esindala noma elimele kuyizindleko ngoba ugcina usebenzise umuthi omningi ngokungadingeki nokhula lungezokufa kahle.
17. Inozela eyi "hollow cone" isetshenziswa ekubulaleni izinhlaseni ezinamaqabunga abushalelezi kanti inozela i "solid cone" isetshenziswa ekubulaleni izinhlaseli ezinamaqabunga anoboya.



Ochwepheshe bakwa-SASRI nabalimi bendawo bekwenye yamasimu angaphasi kwaloluhelelo lokunisela oPhongolo





# South African Sugarcane Research Institute

170 Flanders Drive, Mount Edgecombe, KwaZulu-Natal  
 Telephone: 031-508 7400 Facsimile: 031-508 7597  
 Private Bag X02, Mount Edgecombe, 4300 Website: <http://www.sugar.org.za>

Unlocking the Potential of Sugarcane



## MASINGANA 2007

S	M	T	W	T	F	S
	1	2	3	4	5	6
7	8	9	10	11	12	13
14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27
28	29	30	31			

- Uma kunohlelo, umsebenzi uhamba kahle. Ngakhoke, qala wakhe uhlelo lomsebenzi ngaphambi kokuvulwa kwesizini etsha
- Hlela nabakwa P&D ukuba bakhulolele imbewu yakho njengoba isifo uMbasha (RSD) siyinkinga. Hlela ukhulolwa kwamasimu azobulawa umoba ukuze uma enalesifo angatshalwa lutho/aphunyuzwe
- Umoba ukhula kahle kulenyanga ngakhoke ungawubambezi ngokungawuhlakali nokuphuza ukuwufaka isikhuthaza

## NHLOLANJA 2007

S	M	T	W	T	F	S
				1	2	3
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28			

- Uhlelo lwesizini ezoqala kumele ngabe selumi ngomumo. Ingabe usuqalile ukwenza izinhlelo zokuhlala nezokuvuselela amasimu?
- Bheka uhlelo lakho lokuvuselela amasimu, uqinisekise ukuthi unembewu eyanele futhi esezingeni.
- Gcina imigwaqo, izitubhe, amabhande omlilo nemigudu yamanzi ihlanzekile noma inotshani obusikiwe/fishane.

## NDASA 2007

S	M	T	W	T	F	S
				1	2	3
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28	29	30	31

- Lena inyanga yokucina ongafuthi ngayo iRound-up ukuqinisekisa ukuthi umoba omdala uyafa-fi uma uzosebenzisa uhlelo lokutshala ungalimanga (minimum till)
- Khumbula izilinganiso zomoba ozohlalwa ziyadingeka ukuphela kwalenyanga
- Uma utshala umoba ezindaweni ezinesithwathwa, tshala manje hayi ngo-Mbasa

## MBASA 2007

S	M	T	W	T	F	S
1	2	3	4	5	6	7
8	9	10	11	12	13	14
15	16	17	18	19	20	21
22	23	24	25	26	27	28
29	30					

- Ubuhle bomoba bubalulekile kakhulu. Qala ukuhlala ngokusezingeni eliphezulu. Ukuphondla umoba ngendlela nokunqamula amathophisi ngokuyikho kuya-siza futhi qikelela ukuthi siba sifishane isikhathi phakathi kokuhlala nokuthumela umoba emshini.
- Amasimu ahlelelwe ukubulawa umoba nalawo ahlaselwe isihlava (eldana) mawahlalwe kuqala

## NHLABA 2007

S	M	T	W	T	F	S
		1	2	3	4	5
6	7	8	9	10	11	12
13	14	15	16	17	18	19
20	21	22	23	24	25	26
27	28	29	30	31		

- Isinqumo sokuthi iwaphi amasimu ozowashisa nozowa-phundla/hluba kumele ngabe ususithathile – ukuphondla/kuhluba umoba konga umswakamo kunqande nokhula
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini akho azotshalwa nakulawo asehlahlilwe, uwathumele kwa-SASRI

## NHLANGULANA 2007

S	M	T	W	T	F	S
					1	2
3	4	5	6	7	8	9
10	11	12	13	14	15	16
17	18	19	20	21	22	23
24	25	26	27	28	29	30

- Hlola onke amabhande omlilo ukuqinisekisa ukuthi anele futhi aphephile
- Nquma ukuthi uzolwenza kanjani uhlelo lokuchitha umoba onezifo noxubile epulazini lakho. Okokuqala, sungula umbhede. Hlela ukutshala ngokushesha. Bekisa imbewu ozoyitshala.
- Bulala izinhlaseli ezithikameza imvelo bese utshala imithi yemvelo

## NTULIKAZI 2007

S	M	T	W	T	F	S
1	2	3	4	5	6	7
8	9	10	11	12	13	14
15	16	17	18	19	20	21
22	23	24	25	26	27	28
29	30	31				

- Ukufaka isikhuthaza kumele kuqale ngo-Ncwaba ngakhoke qinisekisa ukuthi usunawo umanyolo okuyiwo nesibalo samasaka okuyiso nokuthi okokuwufaka kusesimweni
- Lesi isikhathi sokubulala amavolontiyi emasimini alindele ukutshalwa – qinisekisa ukuthi uyawamba uwasuse ensimini ngaphambi kokutshala ngoba angathwala izifo

## NCWABA 2007

S	M	T	W	T	F	S
			1	2	3	4
5	6	7	8	9	10	11
12	13	14	15	16	17	18
19	20	21	22	23	24	25
26	27	28	29	30	31	

- Onke amasimu asehlahlilwe adinga isikhuthaza ku-Ncwaba no-Mandulo, qinisekisa uyakwenza loku ngokushesha
- Tshala emva kwezimvula zokuqala. Ngabe imbewu yakho isihloliwe? Ingabe unayoyimvume yabezifo nezinzambuzana (P&D) yokusebenzisa lembewu yakho?
- Ezindaweni lapho isifo I-Mosaic siyinkinga khona, ukutshala kumele kusheshe kuqale futhi kuphele engakafiki u-Zibandlela

## MANDULO 2007

S	M	T	W	T	F	S
30						1
2	3	4	5	6	7	8
9	10	11	12	13	14	15
16	17	18	19	20	21	22
23	24	25	26	27	28	29

- Umswakamo ubalulekile ngenkathi kutshalwa. Vula izisele zakho maduzane ngaphambi kokutshala uzigqibe ngokushesha emva kokutshala. Zingajuli kakhulu izisele zakho.
- Khumbula ukuthi imbewu enganazifo, engu-ngqo ibalulekile futhi kumele ngabe isihloliwe yaphasiswa njengamanje
- Uma ungalugcina upayi/itashi, lusakaze/lundlale insimu yonke ngokulinganayo emva kokuhlala. Loku kuzolekelela ukunqanda ukhula.

## MFUMFU 2007

S	M	T	W	T	F	S
	1	2	3	4	5	6
7	8	9	10	11	12	13
14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27
28	29	30	31			

- Hlola insimu ngayinye masonto onke ukuze wakhe uhlelo lokuhlakala.
- Amasimu aseduze nomgwaqo nasehlalathini washiyelele ukuwahlala ngenkathi kumanzi
- Bhalisela uqeqesho ozodinga ukulwenza ngenkathi umshini uvaliwe. Kunoxhaso kulezifundo, thintana nekomiti labalimi endaweni (MCC)

## LWEZI 2007

S	M	T	W	T	F	S
				1	2	3
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28	29	30	

- Qinisekisa ukuthi awuwashiya amasimu ahlaselwe yisihlava (eldana) ukuwahlala ngonyaka ozayo
- Isiwumba (smut) isifo somoba esiyinkinga. Imbewu engenazifo nokumbiwa kwezixhanti ezinesifo kubalulekile ukunqanda lesisifo.
- Ungavumeli ukhula oluwutshani luze luxhante ungalufuthi ngomuthi
- Kumele ube usuqedile ukutshala ezindaweni ezinokuhlalwa isifo I-Mosaic

## ZIBANDLELA 2007

S	M	T	W	T	F	S
30	31					1
2	3	4	5	6	7	8
9	10	11	12	13	14	15
16	17	18	19	20	21	22
23	24	25	26	27	28	29

- Leli ithuba lakho lokugcina ukuba uhlale umoba ohlaselwe isihlava (eldana) ngaphambi kokuba umshini uvale.
- Qinisekisa ukuthi ukhula ulunqobile ngaphambi kokuba abasebenzi baye eholidini.
- Ukutshala makube sekuphelile ngomhla ziwu-15 kuZibandlela